**Isimemezelo saseWits ngeCovid-19, Umbiko we-13: Izimo zokusebenza eziphathelene nabasebenzi kusuka ngomhlaka 20 kuya kumhlaka 30 March 2020**

*Umbiko ovela kusigungu esiphezulu esilawulayo saseWits Yunivesithi esiphathelene nezimo zokusebenza kwabasebenzi ngesikhathi sekhefu.*

Sanibonani kini nonke esisebenza nabo

Siphila esikhathini esinzima esinokuningi okungaqondakali lapho ubukhulu bomthelela weCOVID-19 ezweni lakithi kanye nasekhempasini yethu, kuzovela ezinsukwini ezizayo. Lezi izikhathi eziyingqayizivele futhi ezidinga izinyathelo eziyingqayizivele ezidinga ukuthi sonke sizinikele ekusebenzisaneni ukuze siqikelele ukuphepha kwethu sonke.

Isigungu esiphezulu esilawulayo (iSET) saseWits Yunivesithi sihlangene namhlanje saxoxisana ngezimo zokusebenza kwabasebenzi kulezi zinsuku eziyishumi ezilandelayo (kusuka mhla ka-20 kuya mhla ka-30 March 2020). Isigungu esiphezulu esilawulayo sibeke lokhu okulandelayo:

- Makube abasebenzi abawumgogodla wezinkambiso zeYunivesithi abafanele ukuza emsebenzini
- Abafundisi, abasebenzi abangawochwepheshe kanye nabasebenzi omsebenzi wabo ngukuphatha emahovisi kufanele basebenzele emakhaya uma kuphumeleleka, futhi
- Ngenxa yobunjalo bomsebenzi abawenzayo, kufanele abasebenzi bazazele ukuthi kungenzeka bangakwazi ukusebenza ngalesi sikhathi.

**Isigungu esiphezulu esilawulayo siphinde sacacisa lemibuzo elandelayo evela kubasebenzi:**

**Umbuzo: Ingabe iYunivesithi ivaliwe?**

Impendulo: Cha. IYunivesithi ayivalwanga - ikhefu lamaphakathi nethemu lisondezwe eduze kanti lizoqhubeka kuze kushaye umhla ka 30 March 2020. Okuyikhona wukuthi nathi siphendula ngenxa yobunzima obuqubuke kwezezempilo kazwelonke, kufanelekile ukuba siqhubeke sisebenze, noma-ke sisebenzela ezindaweni ezehlukile lapho kuphumeleleka. Isizathu sokuvala akusona sokumisa umsebenzi, kodwa ukuqinisekisa ukuthi sinenani labantu abayingcosana kakhulu eliqoqelene endaweni eyodwa.

**Umbuzo: Kwenzekalani kusukela ngomhla ka-30 March? Yingani lolu suku lungahambisani nombiko owenziwe nguNgqongqoshe WezeMfundo nokuQeqeshelwa Okuphakeme?**

Impendulo: IYunivesithi okwamanje isahlabe ikhefu kuze kube mhla ka-30 March 2020. Usuku okuyilo okuzovulwa ngalo kanye nendlela ezovula ngayo kuncike kulokhu okulandelayo:

- Ekuthuthukeni kwalesifo esiwumbulalazwe,
- Ekubonisaneni neminye imikhakha

- Kanye nokulungiselelwa kwezifundo nezinhlelo esezizokwethulwa ngocingo lwe-inthanethi (online) kusetshenziswa amakhompyutha

Sizokhipha umlayezo sazise abasebenzi kanye nabafundi maphakathi neviki mayelana nesikhathi esiyiso sokuvulwa kweYunivesithi, kanye nendlela ezovulwa ngayo. Okwamanje, noma-ke kukhona eminye imibiko evela kwamanye amaqembu, iYunivesithi ngokusemthethweni isahlabe ikhefu kuze kube ngomhla ka-30 March 2020.

**Umbuzo: Ngobani okufanele babike siqu sabo emsebenzini?**

Impendulo: Bonke abasebenzi abangumgogodla wezinqubo zeYunivesithi balindelekile ukuzosebenzela ekhempasini njengoba kubekwe ngumphathi womnyango wabo kanye/noma ilungu lesigungu esiphezulu esilawulayo ukuze kuqhubeke imisebenzi engumgogodla (njengomsebenzi ohambisa izinkokhelo zamaholo), futhi kulungiselwe ukwedluliselwa kohlelo lwezifundo kucingo lwe-inthanethi kusetshenziswa amakhompyutha kuthemu elilandelayo.

**Umbuzo: Ngobani abangabasebenzi abangumgogodla wezinqubo zeYunivesithi?**

Impendulo: Uhla lwabasebenzi abawumgogodla usuqanjiwe ngawomenenja futhi sekwabelwane ngalo namalunga esigungu esiphezulu esilawulayo. Amalungu esigungu esiphezulu esilawulayo nawo azokwabelana ngaloluhlu nabaphathi beminyango kanye namamenenja okubikwa kuwo, bese bona bakhulumisane nalabo basebenzi okufanelekile ukuba bazosebenzela ekhempasini, kanye nalabo okufanele basebenzele ekhaya. Uma abasebenzi kufanele bafike ekhempasini njengokubizwa ngawomenenja ababika kubo, kufanele bayilandele leyo miyalo. Ngale kwalokho, izinqubo ezijwayelekile zobudlelwano zabasebenzi zizosetshenziswa. Abafundisi kufanele baqhubeke nokusebenzela ekhaya.

Umbuzo: Kufanele ngisebenzele ekhaya?

Impendulo: Yebo. IYunivesithi ayivalwanga futhi lesi sikhathi akusona seholide elikhokhelwe. Noma wubani okwaziyo ukusebenzela ekhaya uyagqugquzelwa ukuba enze njalo njengokwesivumelwano phakathi komenenja abika kuye naye, kanye nelungu lesigungu esiphezulu esilawulayo.

**Umbuzo: Ngingumfundisi, kufanele ngize ekhempasini?**

Impendulo: Abafundisi kufanele basebenzele ekhaya bazilungiselele ithemu lesibili futhi bahlelele izinhlelo zokufunda ezizoguqulwa ukuze zifakwe kucingo lwe-inthanethi kusetshenziswa amakhompyutha, lapho kudingeka. Abacwaningi abenza ucwaningo oluhlelelwe phezu kwesikhathi, noma abacwaninga ngezilwane ezibucayi, noma okufana nalokho, bangeza ekhempasini kodwa kofanele bazwisise ukuthi akuzubakhona abahlanza indawo, akukho ntengiso yokudla kanye nezinye izinkonzo zokusiza.

**Umbuzo: Ingabe abasebenzi kufanele bafake isicelo selivu?**

Impendulo: Cha. Okwamanje akulindelekile. Noma kunjalo, bonke omenenja kufanele bagcine uhla lwalabo abafika ehovisi, futhi bakhombise ubufakazi bomsebenzi wabasebenzi abathe

bazowenza basebenzela ekhaya. Yonke imidanti ehambelana namalivu kanye nezimo zokusebenza ngalesi sikhathi izobhekwa yiFinance, Human Resources and Legal Division, kuboniswana namaNyunyana kanye nabanye abathintekayo, futhi kuvunyelwa yiCouncil.

**Umbuzo: Sengifake isicelo selivu. Sizothinteka?**

Impendulo: Ilivu izoyekwa injalo futhi ayizuthinteka noma ngayiphi indlela.

**Umbuzo: Ingabe ngizokhokhelwa iholo ekupheleni kukaMarch 2020?**

Impendulo: Yebo. Uzokhokhelwa mhla ka-25 March 2020. Amastayiphende kanye namakleyimu ahambelana nalokhu, nakho kuzokhokhelwa. Sibonge kulabo abazofika bazosebenza ukuze konke lokhu kwenzeke.

**Umbuzo: Kwenzakalani ngezinqubo zokuphatha zaseYunivesithi yaseWits?**

Impendulo: Yonke imisebenzi yezokuphatha ngaphakathi eYunivesithi izoqalisa futhi ukusebenza mhla ka-30 March 2020, isimo sakho esisazocutshungulwa. Yonke imisebenzi yokuphatha ezinsukwini eziyishumi ezizayo izodluliselwa enyangeni ka-April, noma njengokubona ngokufanelekile.

**Umbuzo: Wubuphi ubuchwepheshe obungasetshenziswa ukusebenzela ekhaya?**

Impendulo: Lindela umyalelo ovela kuWits ICT kusasa onezinhlelo ezifanelekile ezingasetshenziswa abasebenzi kanye nabafundi. Lokhu kufaka nezinhlelo zokuphatha izindlela zokufunda ezifana nalezi: iMicrosoft Office 365 (iTeams iyasiza), iWits Virtual Private Network kanye ne-The Online Meeting Technology, konke lokhu kuyatholakala, abasebenzi kanye nabafundi bangakwazi ukukuthola.

ISIPHETHO

Siphila ezikhathini ezinzima kanti senza ngakho konke okusemandleni ukugcina umphakathi waseWits kanye nomphakathi kazwelonke uphephile ngayo yonke indlela. Sinethuba lokubamba iqhaza kuleprojekthi, ukunikela ngobuthina ngalesi sikhathi sokwentuleka, sakhe amazibuko kulezo zinto ezisehlukanisayo, futhi sibambisane njengomphakathi ukuze sinqobe lombulalazwe. Sonke masibambe iqhaza.

**YITHIMBA LESIGUNGU ESIPHEZULU ESILAWULAYO**

## IYUNIVESITHI YASEWITS

**19 MARCH 2020**